**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI, UMNUZ B.H. CELE EMCIMBINI WOKUVULA NGOKUSEMTHETHWENI IBHULOHO LOMFULA IJOJOSI NGOLWESINE MHLAKA 3 NOVEMBER 2005.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kusafakazela kona ukuzibophezela kukaHulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi sakha imigwaqo ngendlela elinganayo kuzo zonke izindawo KwaZulu-Natal.

- Ngihlale ngikugcizelela ukuthi kulesi khathi ngisenguNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, ngizolwela ukuvikelwa kwababuthaka emiphakathini yakithi ngokuthi bagqugquzelwe ukuba babambe iqhaza ezinhlelweni zikaHulumeni nasemnothweni.

- Umgomo osemqoka ngalesi khathi sami sokuba nguNgqongqoshe ngowokuthi sizwelana kakhulu nabampofu ngenhloso yokuvala igebe – ukwehlukana kwangempela – phakathi kwezigaba zomnotho esokuqala nesesibili.

- UHulumeni obusayo usukwamukele ukuthi ukwakhiwa kwesizwe kuxhumene kakhulu nokwakha kabusha nentuthuko. Ukhiye kulokhu uhlelo lwengqalasizinda olwenza kutholakale kalula izidingongqangi ezinjengogesi, amanzi, izingcingo zokuxhumana, izithuthi, ezempilo, ezemfundo nokuqeqeshwa kwabantu bakithi bonke.

- Lolu hlelo kumele luhlangabezane nezidingongqangi futhi lukwazi ukuvula namathuba ezomnotho ezindaweni zasemadolobheni nasemakhaya. Lokhu ekugcineni kuzokhuphula izinga lokukhiqiza kuyo yonke imikhakha yezomnotho.

- Akungabazeki ukuthi uhlelo lokulethwa kwengqalasizinda lungaphezulu kokulethwa nje kukagesi, amanzi nezingcingo zokuxhumana.

- UHulumeni wethu futhi usekwamukele ukuthi uhlelo olungcono lwezokuthutha ngolukwazi ukuxhumanisa izindawo zasemakhaya nezasemadolobheni, lube futhi lulekelela kakhulu ekuthuthukisweni komnotho nokufukulwa kwemiphakathi.

- Kafushane nje, akuwona umnotho owakha imigwaqo, kodwa imigwaqo eyakha umnotho. Kungakho-ke nje enye ingxenye ebalulekile ekulungisweni kwengqalasizinda KwaZulu-Natal kungukwakha imigwaqo engena emiphakathini yasemakhaya.

- Ekwenzeni lokhu, iJojosi Bridge iyona ekhonjiwe yase ibekwa phambili njengengxenye yohlelo lwentuthuko edidiyele eNquthu, esithi phecelezi Integrated Development Plan.

- Le ndawo inamathuba amangalisayo kwezokuvakasha ngendlela ehleleke ngayo njengendawo yasemakhaya. Ibaluleke kakhulu futhi ngomlando wempi yamaNgisi namaZulu ngonyaka ka-1879. I-Prince Imperial Memorial, eyindawo yodumo yokufikela abavakashi, nayo isebangeni cishe elingamakhilomitha ayisishiyagalombili kusuka kule ndawo.

- Ibhuloho laseJojosi lixhumanisa imiphakathi eya ngokwanda ngokwezibalo eSofage naseMhlungwane okuyizindawo ezikake lo mfula nhlangothi zombili. Lenza kuwele ngokuphepha izingane zesikole cishe ezingu-500 eziqhamuka emphakathini ziya esikoleni eMgidla eningizimu yomfula iJojosi.

- Kubikwa ukuthi sekuke kwaminza abafundi abayisithupha kulo mfula ngesikhathi kunezikhukhula ngaphambi kokwakhiwa kwaleli bhuloho. Kukhona nezimoto esezike zamuka namanzi lapha.

- Ibhuloho elitholakala ku-Prince Imperial Culvert bekuyiyona kuphela indlela yokuxhumanisa le miphakathi, kodwa ngenxa yokuthi iphansi kakhulu, obekwenza limbozwe amanzi uma lina kakhulu, izimoto bezibuye zingakwazi ukuwela ngokuphepha.

- Leli bhuloho aligcini ngokubaluleka kubantu abafuna ukufinyelela emakhaya, edolobheni nasesikoleni, kodwa libaluleke nakwezokuphepha kwabantu ebugebengwini. Abantu abahamba ngezinyawo babuye babe sengozini yokudlwengulwa, ukubanjwa inkunzi nokunye.

- I-Jojosi Bridge lakhiwe emfuleni iJojosi, liyibanga eliyamakhilomitha angu-1.8 emgaqweni ongenela emakhaya u-A1988, ebangeni cishe elingamakhilomitha angu-20 nenyakatho mpumalanga yeNquthu. Leli bhuloho lithatha umgwaqo u-A1988 liweqise umfula iJojosi bese kufinyeleleka kalula emgaqweni u-D1303 oya eDulini.

- Ekwakhiweni kwaleli bhuloho kusetshenziswe usonkontileka kaVukuzakhe oku-Stage 4, owuphothule ngempumelelo lomsebenzi ngoMarch 2004. Lomsebenzi udle isamba sika-R3.8 million.

- Kulo msebenzi kudaleke amathuba emisebenzi kwavela namathuba okutholakala kwamakhono okwakha kubantu bendawo, kubandakanya abesimame nentsha.

- Nakhu okunye okudalwe yilomsebenzi:

- Amahora angu-90 okusebenza konjiniyela ngesonto;
- Amahora angu-585 okusebenza kwabantu benkontikela ngesonto;
- Amahora angu-800 okusebenza kwabantu abaqashwe njenge-sub-contractor ngesonto.

- Ngaphezulu kwalo R3.8 million wokwakha iJojosi Bridge, izimpilo zezakhamuzi zizokuba ngcono njengoba kuneminye imisebenzi yengqalasizinda yomgwaqo yezigidi zamarandi.

- Lemisebenzi eyengeziwe ibandakanya uhlelo lokugcinwa komgwaqo usesimweni, osonkontileka bakaZibambele, ukufakwa kwenhlabathi emgaqweni owubhuqu, ukwakhiwa kwemigwaqo engenela emphakathini okwenziwa osonkontileka bakaVukuzakhe nokunye.

- Lokhu kusho ukuthi, ngokwakha iJojosi Bridge asixhumanisanga nje lemiphakathi ngokwenhlalo, amasiko nangokomnotho, kodwa lomsebenzi ungesinye isibonelo esicacile sokuzibophezela kukaHulumeni "ukwakha impilo engcono kubantu bonke".

- Lomsebenzi uyisibonelo sokuzibophezela kukaHulumeni wethu ukuphuthumisa izidingo zomphakathi KwaZulu-Natal, ikakhulukazi mayelana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda kubantu ebebenganakiwe phambilini ezindaweni zasemakhaya.

- Sekuyinto engangabazeki ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuhambe ibanga elide ekufezeni umgomo wawo wokwenza uhlelo lwezokuthutha KwaZulu-Natal lube ngolunakekela abantu bonke futhi luhlale lusimeme.

- Kuningi osekwenzizwe kule minyaka eyishumi edlule. Kodwa futhi kusekuningi okusadinga ukwenziwa kule minyaka ezayo.

- Yingakho-ke namhlanje sithi "Masisukume Sakhe iKwaZulu-Natal".

**NGIYABONGA**